**KWAZULU NATAL DEPARTMENT OF EDUCATION**

**GREENBURY SECONDARY SCHOOL**

**ISIVIVINYO SOKUPHELA KONYAKA WEZI-2016**
**IPHEPHA LOKU-1**
**ISIZULU (FAL)**
**IBANGA LE-12**

**USUKU:** 05/09/2018
**ISIKHATHI: AMAHORA AMA-2**
**AMAMAKI: 80**
**UMHLOLI: A J MHLONGO**
**UMCUBUNGULI: S.B. MDUNGE**

**UBUDE BEPHEPHA: AMAKHASI AYI-11**

**IGAMA LOMFUNDI:-----------------------------------------------**
**GR /DIV ------------------------------------------------------------**

**IMIYALELO KUBAFUNDI**

FUNDISISA IMIYALELO NGAPHAMBI KOKUPHENDULA IMIBUZO

1. IMIBUZO MAYIPHENDULWE YONKE
2. BHALA NGOBUNONO
3. HLELA UMSEBENZI WAKHO NGOKWEZIQEPHU ZEPHEPHA
4. FUNDISISA OKUBHALILE UKUZE UNCIPHISE AMAPHUTHA

ISIZULU

Isikole :

Umsebenzi :

Ibanga :

Isiyingi :

Uhlobo Lwethaskhi :

Usuku Lokuqala :

Usuku Lokuqeda :

Imiklomelo :

IMIYALELO

- NIZONIKEZWA AMAPHEPHA ANEMIBUZO
- NIZOPHENDULA YONKE IMIBUZO
- QALA UMBUZO NGAMUNYE EKHASINI ELISHA

  Leli phepha lihlukaniswe **IZIQEPHU EZINTATHU**

  - ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA
  - ISIQEPHU B: UKUFINGQA
  - ISIQEPHU C IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI

OKULINDELEKILE:

- Bhala ngobunono
- Bhala izinombolo zemibuzo njengoba zibhaliwe
- Qaphela upelo magama kanye nokwakheka kwemibuzo
- Yeqa umugqa emva kwempendulo ngayinye

Leli phepha linamakhasi ayi- 10

**ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA**

**UMBUZO 1: UKUFUNDELA UKUQONDISISA**

Fundisisa **UMBHALO A** ubuye ubukisise **NOMBHALO B** ongezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

**UMBHALO A** (ofundwayo)

**UTHANDO**

Uthando, ngelinye igama leli. Isinkiyankiya segama uqobo. Osolwazi basendulo bamaGreki namaRomani bake balithathela magange bethi bezama ukulichaza. Kwasho khona ukuthi baqwala itshe. Bagadla, zafohloka. Inzukasikeyi yegama. Ngisho nanamuhla osolwazi basalwa nalo. Kuyezwakala ukuthi kaningi abalungi ukulichaza, badlela ogangeni.

Nabenzululwazi ephophoza kuyo yonke imikhakha yolwazi lakwamhlaba, bayijwayele. Bonke abaphumeleli kahle eshashalazini, balinqande, balichaze kahle ngomoya ongenakudida. Balivove ngengqondo engagitshelwe yisifudemezi senhliziyo bese kuthi ekugcineni basitshela inhlese yalokho okushiwo yileli gama. Nezichazamazwi lezo okuthiwa zingomangothobane ziyakhekheleza nje zikhe phezulu. Azingeni zithi shi, ezibilini zalo zihlinze zibeke ngononina. Zithi zinganakaza ubunakanaka ziphethe ngokusitshela ukuthi uthando luyini noma-ke ukuthanda kungukwenzani.

Gamandini unjalo nje wesatshiswa okwenyoka (abanye bangasho bathi uyahlonishwa.) Ingwadla yalokhu kwesatshwa kwalo isekulisebenziseni. Ilapho lifike lidlale umdlalo kampendumpendu igeja leqele. Okuyizingane uma kuthuke kwezizwa ngabadala kulisebenzisa kusuke kuwudlile umsebenzi. Kuye kukhakhabiswe kabi maqede kusobelele okwenja isikhwece umsila. Kuye kubuzwe ngesidlakadla sikadli dlakalasi ukuthi kwazini ngothando nomathandana? Kukungaka sekwazi inkohlakalo nemikhuba? Ye! Nakho-ke; ezinganeni incazelo yaleli gama isho inkohlakalo. Izingane zikuthola kulabo asebeke bayishikisha le ndlela.

Kanti nakubantu abadala leli gama alisineki kahle. Baningi abahlafuna begijima ngenxa yalo. Uma umuntu eke wathi unothando hleze ngobani noma ngento ethile uye abukisiswe impela. Ehhe, abekwe abhekisiswe. Kwesinye isikhathi aze ajikijelwe ngemibuzo etshikitshelwayo ezama ukukhipha iqiniso. Kuye kuthande ukuba kwazeke ukuthi uthando athi unalo lusukaphi kumbe-ke ukuthi yini isiphethu salo. Kulowo osegwetshwa kanje akhiphe amangwevu okuphendula achaze abeke ingcaca.

Ayiphathwa phela eyezinsizwa. Yizo phela ezithanda ukulimunyunga leli gama uma sezihubhuza. Zona-ke ngempela zisenkingeni. Nsizwandini uma uke wathi kumntanomuntu unothando ngaye, shiya! Usuzifake kumwowane wesifo. Usuzophendulwa umiswe ngekhanda; usontwe uze ube manyomfongwana. Upenapenwe, ugxekwe kuze kube sengathi usogeleni lwesigcawu somnumzane.

Kubhekeke ukuba insizwa le, ichaze ngokungangabazi ukuthi iyazi futhi iyazizwa yini ukuthi ithini. Ngiyafunga uma ulwimi lwaleyo nsizwa lungasibukhali kepha lushwabene ngumnqantula, iyogcina isithi, "Mina bengizidlalela nje." Uma insizwa isibindwe yisidwa kanjena, konke ebikubabele kujika kuphenduke isithukuthuku senja. Akukuhle lokhu. Ngempela kubuhlungu ukuba kuthiwe izinsizwa azichaze kuze kuse igama elehlula ngisho ongqondongqondo benzululwazi. Ngiyazizwela izinsizwa zavelelwa yindaba.

Okunye kungihlekise nje indlela odade abalizwa noma angithi abalazi ngayo leli gama. Akumqansa ukumuzwa ethi, "Ngithanda kosibanibani". Babo, isho nje impela intokazi kuqine nedolo. Ngenhliziyo ubabonga belele laba asebathandwa. Uyothi ubona koNtazingane sekubhakuza inyoni emhlophe. Isho iphephezele phezulu ngamachopho amane. Ingani intombi yakuphi nakuphi inothando lwensizwa yakulowo muzi. Kuyasa ngakusasa yona leyo ntombi ebekuthi mayizinqume ikhanda ngensizwa ethile, seyipheshulwe yisiwengu somoya esingumntakanobani! Nalapho kusasha lona uthando. [*Icashunwe kwiqoqo lama-eseyi elithi "Amazembe"*]

1.1. Bona abantu abazama ukuchaza igama elithi, 'uthando'? (1)

1.2. Yethula iqiniso mayelana nokuhluleka kwezinzululwazi ekuchazeni uthando. Bhekisa impendulo yakho esigabeni sesibili. (2)

1.3. Fingqa ngamaphuzu AMABILI ngokuwaklelisa umqondo omumethwe yisigaba sesithathu. (4)

1.4. Nikeza okungumehluko phakathi kwendlela izingane nabadala ebelibuka ngayo le gama 'uthando.' (2)

1.5. Chaza umbononggqangi walesi siqephu. (2)

1.6. Uyavumelana yini nesitatimende esidwetshelwe esigabeni sesibili? Sekela impendulo yakho. (3)

1.7. Chaza imbangela yokuba umbhali uthando isinkiyankiya segama. (2)

1.8. Nikeza incazelo efanele yalesi simo sokukhuluma esithi, 'kuqine idolo' Khetha impendulo eyodwa kulezi:

a) Ukuzethemba
b) Ukuma isibindi
c) Ukunganaki (1)

1.9. Ingabe iqiniso noma umbono uma umbhali ethi, 'Bonke abaphumeleli kahle eshashalazini, balincande, balichaze kahle ngomoya ongenakudida?' Sekela impendulo yakho. (3)

**[20]**


**UMBHALO B (UMBHALO OBUKWAYO)**

Bukisisa le zithombe ezilandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela.

**Isithombe soku-1**



**Isithombe sesi-2**




2.1 Yethula iqiniso mayelana nokubona kwenzeka esithombeni soku-1. 2

2.2 Nikeza okungumehluko kulezi zithombe. 2

2.3 Qhathanisa imibono elethwa yisithombe soku-1 kanye nesithombe sesi-2. 2

2.4 Uyavumelana nombono olethwa yisithombe sesi-2? Sekela impendulo yakho ngokubhekisa kumlayezo obhalwe kulesi sithombe. 2

2.5 Umbono ovezwa umbhali KUMBHALO A emgqeni odwetswhelwe kanye nasesithombeni sesi-2 unobuqiniso? Sekela impendulo yakho. 2

**[10]**

**AMAMAKI ISIQEPHU A [30]**

**ISIQEPHU B**

**UMBUZO WESI-2**

**UKUFINGQA ISIQESHANA NGAMAGAMA AKHO (UMBHALO C)**

**IMIYALELO:**

1. Fingqa lesi siqeshana esikhuluma NGONYAKA usebenzise amagama aphakathi kwamagama angama-70 kuya kwangama-80.
2. QAPHELA: Fingqa ngesigaba/ngezigaba.
3. Ungabe usasibhala isihloko uma usufingqa lesi siqeshana.
4. Bhala inani lamagama owasebenzisile ekugcineni kwesiqeshana osifingqile.

**UNYAKA**

Unyaka isikhathi lapho sithola khona izinhlobo zezinyanga namalanga. Ungamangala uma uthi uyabuyekeze uthole ukuthi unyaka lo uqukethe lukhulu yize abanye bekushaya indiva lokho. Munye unyaka usuphelele, kepha ukuze uphelele kufanele kube nezinyanga eziyishumi nambili. Nazo lezo zinyanga zihlukene ngamagama azo, kukhona uMasingana, uNhlolanja, uNdasa, uMbasa, uNhlaba, uNhlangulana, uNtulikazi, uNcwaba, uNcwaba, uMandulo, uMfumfu, uLwezi kanye noZibandlela. Zona le zinyanga zinezinsuku, izinsuku ezingalini uma uzibala ngononina; uNhlolanja unezinsuku ezingama-28, uMbasa abe nezingu-30, uthi usagade ukuba inyanga iphethe ngokushesha uNhlaba adonse abenezinsuku ezingama-31. Uma ufuna ukwazi ukuthi inyanga iphela nini ugoqa isandla sokunxele usenze iqupha. Uma isandla sakho sigoqekile siba nezindawo ezingamathanjana ezine, usuzosebenzisa umunwe wesandla sakho sokudla ubale. Indawo elithambo imele izinyanga eziphela ngomhla wama-31.

Ubusuwazi nje ukuthi nazo phela izinyanga zakhiwe ngamaviki angalingani. Enye inyanga ibe namaviki angu-4 ezinye zibe namasonto namasonto ayi-5. Kuwona unyaka siphinde sithole izikhathi ezahlukene zesimo sezulu, uzwe kuthiwa sekuthwasa ihlobo noma sekungena ubusika noma bathi ihlobo selingenile. Kanjalo noma sekungene ubusika. Kuningi esikubungazayo ngonyaka owodwa, kukhona inyanga yamasiko lapho abomdabu basuke sebevunula bekhumbula emasisweni kusinwe kudedelwane, kuyona phela inyanga kaMandulo. Uthi usabhekile kuphinde kubungazwe uKhisimusi kanye noNcibijane.

Unyaka awumile belu, uyedlula. Ingani phela kuwona lo ofile bekungunyaka wezi-2016 kanti lona ophezulu ngunyaka wezi-2017. Kuningi esingakusho ngonyaka. Siphinde sibungaze usuku lapho iNingizimu Africa yathola khona inkululeko, sengisho phela lona usuku lwezi-27 Aprili. Nawo amaqhawe aseNingizimu Afrika aphinde akhunjulwe minyaka yonke ngegalelo abanalo ekubambeni iqhaza kwezombusazwe ngeminyaka yobandlululo. Iqhawe elinguNelson Mandela likhunjulwa njalo ngonyaka kuyona inyanga kaNtulikazi. Kuningi esingakusho ngonyaka singeke saphetha. Zitholelwe ulwazi ngawo unyaka owakhiwe izinyanga zona ezinamaviki wona anezinsuku. Khumbula ukuthi igula lendlebe kaligcwali!

Unyaka uxoxa indaba. Kuyenzeka umuntu angaphatheki kahle onyakeni othize. Umuzwe esethi ujahe ukuthi lowo nyaka uphele ukuze impilo ibengcono. Ungaze ucabange ukuthi unyaka uphethe impilo yomuntu ngezandla kanti lutho!
Thola ulwazi olunzulu lokwazi izinto.

***Ibhalwe ngu-N Kubeka***

**AMAMAKI ISIQEPHU: B [10]**

**ISIQEPHU C: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI**

**UMBUZO WESI-3 (UMBHALO D)**

**UKUHLAZIYA ISIKHANGISO**

Bukisisa ubuye ufundisise lesi sikhangisi bese uphendula imibuzo ezolandela.

*"I-OMO IWASHA KANGCONO KUNAYO YONKE INSIPHO"*

*"Zitholele eyakho ngamanani aphansi nje!!!"*

*Gcina izimpahla zakho zihlanzekile njalo ngongqo we-OMO*




**Itholakala kuzona zonke izitolo ezithengisa ukudla!!!**

Ingeyakho ngama-R40,00 nje kuphela!!

*Khumbula ukuthi isikhova sidle amehlo aso!!!!!*

3.1 Gagula amasu AMABILI asetshenzisiwe kulesi sikhangisi. 2

3.2 Inkulumo elandelayo inhloboni yolimi, "i-omo iwasha kangcono kunayo yonke insipho". Khetha impendulo EYODWA kulezi.

a) Ulimi olugudliselayo

b) Ulimi olukhohlisayo

c) Ulimi oluncengayo 1

3.3 Bhala inani lama "R40, 00" ngolimi lwesiZulu . 2

3.4 Isimo sokukhulema esisetshwenziswe kusikhangiso sibaheha kanjani abathengi? Sekela impendulo yakho. 2

3.5 Xoxa ngokuphumelela ngombhali wesikhangisi ngokusebenzisa amasu ukuze lesi khangisi sibe yimpumelelo. 3

**[10]**

## UMBUZO WESI-4 (UMBHALO E)

## UKUHLAZIYA IKHATHUNI

Bukisisa le khathuni bese uphendula imibuzo elandelayo




4.1. Gagula into EYODWA ekhombisa ukuthi lo owesifazane uyakholwa. 1

4.2. Chaza imbangela yokuba uBhoza aguqe ngamadolo phansi. 2

4.3. Khetha impendulo EYODWA kulezi ezinikiwe. Inkumulo ethi, "angidakwa utshwala" ichaza...

a. Akaphuzi amanzi

b. Akaphuzi amanzi amponjwana

c. Akadansi 1

4.4. Kulo musho olandelayo umagatsha, 'Baba olungileyo hamba naye umkami kuleli phasika...' Tomula okulandelayo:

4.4.1 Umushwana okhonzile/oncikile ochazayo.

4.4.2 Umshwana okhonzile/oncikile okhanyisayo. 2

4.5. Chaza umuzwa ovezwa owesifazane kule khathuni. 2

4.6. Bhala igama elilandelayo elithi, 'umvikele' likhombise ukuphika bese ulisebenzisa emshweni ozakhele wona 2

**[10]**

**UMBUZO WESI-5 (UMBHALO F)**

**IZAKHIWO NEZIMISO ZOLIMI**

Funda lesi siqeshana bese uphendula imibuzo ezolandela.

> 1. UMaZulu wathi angaqeda ukubelethisa eyakhe ingane kwezwakala iqulu labantu egcekeni. Engani phela yilowo wayeze njengoba efuna ukuzobona ingelosi eyayibatshazwa ingakaveli ukuthi namhla yazalwa uZulu wonkana angeke awuvale umlomo ngoba uyobe uqhakambisa ubuhle**kazi** bayo. Impela siqinisile isiZulu uma sithi Mageba lazinhlonza! Ngisho uyise wathi angathi njo amehlo kuyona ingane, kwabonakala nje ukuthi wenamile. Ingani phela wayelindele isibhuklabhukla sengane emhlophe.
> 1. Kuyona ingane kaMaZulu ebusweni kwakukhona injabulo eyayichichima. Ejabulele ukubamba izibulo lakhe elalisanda kufika kulo omagade ahlabayo. Impela ingane iyisibusiso.

5.1. Sebenzisa isiqu segama "ukubelethisa" emshweni ozakhele wona siveze umqondo ohlukile kunalo osesiqeshini. 2

5.2. Isakhi esigqanyisiwe egameni elithi, 'ubuhlekazi' emgqeni wesi-4 liveza muphi umqondo? 2

5.3. Bhala amagama anomqondo ofanayo nalawa alandelayo, uphinde uwasebenzise emshweni ozakhele wona.
5.3.1. Uyise. 2
5.3.2 Wenamile 2

5.4. Chaza igama elidwetshelwe emgqeni wesi-5. 2

5.5 Igama elisemgqeni wesi-6 "njo" lenze msebenzi muni? 2

5.6 Onjani umuntu okuthiwa isibhuklabhukla ? 2

5.7 Bhala amagama amqondofana nalawa alandelayo, Uphinde uwasebenzise emshweni ozakhele wona

5.7.1 Injabulo 2

5.7.2 Izibusiso 2

5.7.3 Emhlophe 2

**AMAMAKI ESIQEPHU C: [30]**

**AMAMAKI ESEWONKE: [80]**

GREENBURY SECONDARY SCHOOL
DEPARTMENT OF LANGUAGES
H.O.D. MR S R PANDAY